

IManuwali Yokuqwashisa Nokuthaza NgamaRabi



Photo by Sarah Pryke

ASISEBENZISANE UKWENZA ISIFO SAMARABI SIPHELE!

Imanuwali Yokuqeqesha

Inhloso

- *Ukufundisa izisebenzi zomphakathi mayelana nesifo samaRabi kanye nongosi enkulu ebhekene nemiphakathi yazo nsuku zonke evela esifweni samarabi.*
- *Kungani kufanele bazise ukuqwashisa nokusabalalisa ulwazi mayelana nalesi sifo emiphakathini yabo?*
 1. *Ukukhuthaza abantu ukuba baye kogoma izinja zabo.*
 2. *Ukundisa izingane ukuthi zingakuqanda kanjani ukulunywa izinja.*
 3. *Ukuze abantu babike izinja abazisolayo ukuthi zithelelekile.*
 4. *Amalungu omphakathi alunywa azothola ukwelashwa ngokushesha.*
- *Abaqeqeshwayo bangasebenzisa kanjani ithonya labo ukukhuthaza imiphakathi uma kuhlelwa ukuginywa kwezinja futhi kwenziwa ukuze kulawulwe lesi sifo?*
 1. *Ukuxoxisana nabaholi bomphakathi ukuze kusekelwe imikhankaso*

2. *Ukwazisa imiphakathi ngemikhankaso ezayo.*

Okuqukethwe

1.	Izinja Zethu:.....	3
2.	AmaRabi isifo:	4
	Umlando.....	4
	Ayini amaRabi?	5
	Ubani noma yini engakuthelela ngamaRabi:	5
3.	Ivayirasi yamaRabi ingena kanjani eMzimbeni?	7
	Izimpawu Ezilwaneni	8
4.	Amarabi kanye nezingane	9
5.	Singenzeni ngeNgozi Yalesi Sifo?.....	10
6.	Sizigoma kanjani izinja uma sifika emphakathini?.....	11
7.	Ungasiza kanjani, kungani sikudinga?	12
	Ukuxoxisana nezingane zesikole	13
	Ukwakha ubudlelwane obuhle nawo onke amalungu omphakathi.....	15
8.	Ingabe umphakathi uyibika kubani inkinga yesifo samaRabi:	15
	Yini okufanele uyenze kuze kube usizo luyafika:	16



1. Izinja Zethu

Izinja ziyingxenye ebalulekile emiphakathini yethu nasemlandweni wethu, zohlale njalo zinathi futhi ngakho-ke isifo esifana namaRabi esinganda sisuka ezinjaneni siye ebantwini sifanele siqandwe. (Isithombe ngu-Sarah Pryke)



Kodwa-ke, izinja zidlala indima ebaluleke kakhulu ezimpilweni zethu futhi uma senza okuhle kuzo zohlale ziqotho kithi futhi zizisivikela thina, amakhaya nemfuyo yethu. Zingaba abangane ezinjaneni zethu futhi zidinga ukuphathwa ngomusa. Zingadlulisela ezinye

ezinye izifo ngaphandle kwamaRabi, njengezikelemu kubantu futhi umdlwane onempilo enhle ubaluleke kakhulu.

Zonke izilwane zidinga ukuqinisekiswa izinkululeko ezinhlanu

- Ukudla okunempilo namanzi ahlanzekile (uKudla) (Imidlwane idla ka-2 noma ka-3 ngosuku / Izinja esezindala zindla ka-1 noma ka-2 ngosuku)
- Indawo evikelekile emoyeni, imvula kanye nelanga (Indawo yokuhlala) (Efudumele Neyomile)
- Ukwelashwa lapho zigula noma zilimele (Impilo) Ukugonywa, Ukubulawa kwezikelemu okungenani kabili ngonyaka.
- Ezinye izilwane ezizodlala nazo (Ubuhlobo)
- Inkululeko Yokuziphatha Okuvamile



2. AmaRabi isifo



“RABIES HAS BEEN KNOWN AND RECORDED FOR OVER 4000 YEARS”


Umlando

Kusukela ngonyaka we-1976 kuphela amaRabi abekhona ezinjeni zase-KZN futhi abulala abantu esifundazweni sonke.

Ngonyaka we-2018 i-KZN ibe nokubheduka kwalesi sifo ezilwaneni kanti futhi abantu abayi-8 bafa ezinyangeni eziyi-8, okungukuthi abayi-6 kubo kwakuzingane ezineminyaka ephakathi kwemi-2 ukuya kweyi-12 ubudala. Iningi laokhu kubheduka kwabe lalingumphumela wokulunywa izinja, kodwa okukodwa kwabe kunguklwejwa ikati; iningi lalokhu kubheduka kwabe kunganxeba amancane futhi yingakho abantu bengacabanga ukuthi badinga ukuthola usizo. Onke amacala abengahle agwenywe ngemithi efanele (Mahhala), kodwa-ke, izisulu zafa kabuhlungu kakhulu.

Ayini amaRabi?

AmaRabi ayisifo esibulalayo esaziwayo kubantu futhi sibangelwa yivayirasi. Ivayirasi iyisilokazi esincane futhi esingabonakala kuphela ngaphansi kwe-microscope enamandla. Izifo eziningi zibangelwa amaVayirasi. Wonke amavayirasi anomumo ohlukile njengoba ungabona esithombeni esingezansi.



Ivayirasi yamaRabi imiswe okwenhlanvu yesibhamu (okuyiyo yodwa yodwa emvelweni) okufanele ukubulala kwayo - Ibulala ngama-100%.

Ivayirasi isakazeka ngokulunywa isilwane ESINAMARABI lapho amathe asuleleke ngevayirasi engena kuisulu.

Ngokushesha nje iVayirasi izinamathisela enzweni, lapho alisekho ikhambi futhi isilwane noma umuntu uzofa ngamaRabi.

Ubani noma yini engakuthelela ngamaRabi:

Zonke izilwane Ezincelisayo, zingesuleleka ngamaRabi. Izilwane ezincelisayo ziyzilwane ezinegazi elishisayo ezinobona ezondla izingane zazo ubisi.

Izilwane njengezinyoka, amaselesele, izinyoni, njll (izilwane zegazi elibandayo) AZESULELEKI ngamaRabi.

Ama-rabies amaningi e-KZN asakazwa yizinja! OJakalasi yibo kuphela ezinye izilwane ezisulelekayo ngalesi sifo e-KZN kodwa banendima encane ezindaweni ezimaphakathi. Lapho kukhonainja enamaRabi - (Yonke i-KZN) amacala ama-85-90% ayizinja.

Izinkomo ziyalandela ngobuningi bamacala, amacala ambalwa ezimbuzini nakwizimvu.

Amakati aphinde athole amaRabi futhi ayingozi kubantu ngoba athukuthela kakhulu.



Awekho amagundane noma izinkawu ezitholakale zinamaRabi e-KZN!




“Ama-100% ezilwane ezithola amaRabi azokufa”

Ezinye izilwane eziningi zingesuleleka ngamaRabi ikakhulukazi i-mongoose, amakati asendle kanye ne-antelope. Amalulwane nawo ayesuleleka ngamaRabi kodwa anevayirasi ethe ukwehluka kancane; abhekwa njengengozi kakhulu.

Okubaluleke kakhulu ABANTU bangesuleleka ngamaRabi, futhi ngenxa yale ngozi sifuna ukuqwashisa nokufundisa abantu ngokuthi lesi sifo esiyingozi kangaka singagwenywa kanjani.

3. Ivayirasi yamaRabi ingena kanjani eMzimbeni?

Ivayirasi yamaRabi itholakala ematheni enja noma isilwane esinamaRabi. Uma siluma isisulu amathe angena emzimbeni wesisulu (Bheka isithombe).




Ivayirasi iyophindaphinda endaweni elunyiwe, (lesi isigaba esibaluleke kakhulu sokwelashwa!) Kodwa uma ifinyeleleka enzweni kusuke sekuphele kakhulu isikhathi sokwelashwa. Kusukela ngesikhathiinja/umuntu elunywa ukufika ngesikhathi izimpawu zesifo ziqala ukubonakala, kuvame ukuthatha amasonto ama-2ukuya kwama-6 kodwa-ke

lesi sikhathi ngezinye izikhathi siba side kakhulu kusukela ezinyangeni ezi-6 kuye kwezingaphezulu konyaka.

Kodwa-ke, uma ivayirasi ingena enzweni iqala ukwanda ngokushesha futhi iyahamba iye ebuchosheni! (Ithanda izinzwa zemisipha) Akukho lutho olube lusenziwa ukusindisa umuntu uma igciwane selize langenelela izinzwa, lo muntu uzofa.

Ngesinye isikhathi ebuchosheni iyanda bese iqala ukudala izimpawu esizibonayo njengoba ziba mthelela ezingxenyeni ezahlukene zobuchopho.



Ivayirasi ibe isihamba iya kuzinsihla zamathe lapho ifike ichitheke, futhi ngakho-ke kungabonakala ukuthi ivayirasi esematheni kanye nezimpawu zokuqala zenzeka ngesikhathi esifanayo. Izimpawu zimbi futhi zesabeka kakhulu, kubo bobabili isisulu kanye nabantu abasizungezile. Ivayirasi ngokushesha ibe isiqala ukuba nomthelela emisebenzini ebalulekile emzimbeni ngokuphazamisa ukusebenza kwemisipha okujwayele ukuholela ekufeni, ngokuvamile okuvama ukubonakala

njengokwehluleka kokusebenza kohlelo lokuphefumula.

Ukushona ngokuvamile kwenzeka ezinsukwini ezi-3 ukuya kwezi-5 ngemuva kokuqala kwezimpawu! Azikho izilwane noma abantu abasinda kumaRabi!!!

Izimpawu Ezilwaneni

Akucaci njalo ngezimpawu ukuthi isilwane siphethwe amaRabi! Yingakho kubalulekile ukungathinti izilwane ezingaziwa!

Izimpawu zingahluka kakhulu futhi zenzeke ngezigaba ezahlukene esikhathi esiyizinsuku ezi-3 ukuya kwezi-5 zokwelashwa. Kunezinhlobo ezimbili ezibalulekile zalesi sifo, lezi ezohlobo oluthule noluthukuthelayo, nakuba nakho lokhu kungadukisa.

Izimpawu ezibalulekile:

- Ushintsho Ekuziphatheni!
- Ukuhlasela nokuluma nanoma yini.
- Ukuphendula okuyihaba okubhekiswe ekukhanyeni nemisindo.
- Ukungaphumuli
- Ukwesaba
- Ukubamba izinambuzane ezindizayo ezingekho.
- Ukungasebenzi kahle kwengqondo
- Ukuzula okungenhloso
- Ukubuka njo.
- Ukuvuza amathe
- Ukukhala ngsihosho
- Imisindo eklinyayo
- Izenzo ezingahlelekile
- Ukukhubazeka okuqhubekayo
- Izinhlamvu zamehlo ezinkulu
- Ukuziluma
- Ukuqhaqhazela okuphazamisayo.
- Ukuba sesimweni sokungaphaphami
- Ukushona

IMPORTANT!
Rabies symptoms can be very varied, as the virus affects the animal's brain, so be aware of ANY kind of change in Behaviour!

Izimpawu kubantu zingafana nalezo zezilwane.



4. Amarabi kanye nezingane

Iningi labantu ababulawa amarabi yizingane, ezilunywa izinja kodwa zingayi emtholampilo ukuze zithole ukwelashwa.

Uma welashwe kahle futhi ngokushesha ngemuva kokulunywa, ukwelashwa kuphumelela ngama-100%.



**Every 9-10 minutes
somebody dies from
rabies in the world**

Ama-100% amaRabi ayabulala kodwa futhi ama-100% ayanqandeka

AKEKHO UMUNTU OFANELE UKUFA EBULAWA YILESI SIFO!!!

Lesi isizathu esisidingayo sokuqwashisa!

Uma umuntu elunywa, inxeba lidinga ukugezwa ngokushesha ngensipho namanzi futhi ufanele aye esibhedlela noma emtholampilo oseduzane ukuze athole ukwelashwa. Uma inxeba lisopha isiguli siyothola umjovo okhethekile ibizwa i-immunoglobulin, okuyisibulalazifo sangempela. Lo mjovo ujoywa enxebeni. Bese ejovwa imijovo e-4 yesibulalazifo ngosuku 0, 3, 7 kanye nolwe-14.

Ukushona okuningi kwabantu kubangelwa ukungaqwashiswa komphakathi ukuze izingane ziye emtholampilo, noma ziqonde izingozi zalesi sifo. Noma kuvela ekwelashweni okufanele, noma isiguli esingatholi yonke imijovo yaso. Gcizelela Ukwelashwa, uma umuntu elunywa!

Izimpawu zesifo samaRabi ebantwini ziyingozi futhi zivame ukudidaniswa nokungenwa umoya omubi e-KZN; zonke izisulu ziyafa.

Iningi lokulunywa okusulela ngamaRabi ukulunywa okuncane noma ukuklwebheka izingane nezigulane ezingakunaki!

Akukhathaliseki ubukhulu benxeba, yana esiBhedlela esiseduzane ukuze uthole ukwelashwa!



5. Yini esingayenza ngalesi sifo?

AMARABI ANGAQEDWA NGOSETSHENZISWA KOKUGONYWA KWEZINJA!

Uma ama-70% ezinja egonyelwa amaRabi lesi sifo sizophela!

Uma abantu abalunywe yizinja noma amakati, beya kothola ukwelashwa - NGEKE BAFE!

Uma bonke abantu besiza ngokunakekela izinja zabo, ngokuba bazondle futhi bazigcine egcekeni, kungaqeda ukuba khona kwezinja ezizulayo kanye nokuthola izidakamizwa.

Uma izingane ziqonda ukuthi izinja ziziphatha kanjani kanye nokuthi zingazigwema kanjani futhi nini, zingakugwema ukulunywa.

AmaRabi angabonakala noma kunini nganoma isiphi isikhathi

Izinja ezinamaRabi ngezinye izikhathi zigijima amakhilomitha amaningi. Inja ingaba nesifo emzimbeni wayo izinyanga ngaphandle kokubonisa izimpawu noma kokuba yingozi. Ngakho-ke, umuntu angaletha amaRabi endaweni ikakhulukazi ngokuthenga imidlwane evela kwezinye izindawo. Le midlwane noma izinja zizogula ekugcineni futhi zisabalalisele lesi sifo emphakathini wakho. Kubaluleke kakhulu ukuthi imidlwane emisha ifanele igonywe. Uma uthenga umdlwane omusha hlola ukuthi unina wawo ugonywe ngaphambi kokuwuhambisa, noma ngokushesha goma umdlwane.

Sidinga ukugoma izinja eziningi (namakati) ngangokukhonekayo!!



6. Sizigoma kanjani izinja uma sifika emphakathini?

- Sizokwenza umphakathi wazi kusasele isonto eli-1 ukuya kwama-2 azayo.
- Sizothumela umyalezo ngokusebenzisa uMnyango wezeMpilo / i-Redcross!!
- Izikole (Yazisa ngezimiso futhi ucele ukubeka obala ulwazi ngoSuku Lokugoma)
- Izimbobhp (Sabalalisa ulwazi ngemibhobho kusasele izinsuku ezimbili nangalo lolo suku)
- Amaphosta (Faka amaphosta eziphazashophu, emasontweni, njll.)
- Umsakazo



Vaccinating dogs and cats is safe

Rabies vaccines are safe and will not affect your dog in any way.

It won't make it sick or aggressive or a worse hunter!

Vaccinate regardless of age or size of animal.

Ngosuku loKugoma:

- Zizofika nequlu lezimoto (buka ngezansi)
- Izimoto zizokwehla zenyuka kuyo yonke imigwaqo, zimema abantu ngobhobho ukuba balethe izinja zabo emgwaqeni futhi sizogoma izinja
- Izitifiketi zizonikezwa bonke abanikazi bezinja, zivela kubagomi.



Imitholampilo engahambi - Kulokhu, sizocela izikole noma izitolo ukuba sisebenzise izindawo zabo njengemitholampilo. Ukusabalalisa ulwazi kuzowaziswa ngendlela efanayo nendlela yomahamba nendlwana kodwa zizoba sendaweni eyodwa futhi abanu beze kithi. Lokhu kwenzeka kuphela uma abantu bekwazi ukuletha izinja endaweni eyodwa kalula. Kusebenzeka kangcono kwizigodi ezahlukene.

Ungasiza kanjani, kungani sikudinga?

Ukukhuluma nezingane zesikole ngenye yezindlela ezibalulekile zokuqwashisa.

Cela izikole ukuba zikuvumele ukusebenzisa imizuzu yazo eyi-10 eMthandazweni noma mhlawumbe isifundo esisodwa ngesikhathi sesikole.

- Izincwajana - Ungasebenzisa izincwajana ukuze zikusize ukufundisa izingane ngamaRabi; ukunakekela zabo izilwane ezifuywayo kanye nokuthi ungakunqanda kanjani ukulunywa yinja. Lezi zincwajana zifanele zisetshenziselwe



ukufundisa ekilasini futhi hhayi nje ukuba zinikezwe zonke izingane (Amakhophi ezitifiketi angenziwa ukuklomelela izingane ngokuqedela imisebenzi yencwadi yomsebenzi).

- Amahlaya - Lezi izindaba ezingafundwa izingane futhi zize zizilingise ekilasini. Ningaphendula imibuzo elandela indaba ngayinye futhi ungafundisa ngokuba nilingise. Futhi zifanele zisetshenziswe njengenzakusebenza ngothisha futhi zinganikwa izingane, ngaphandle uma ziningi ezinikeziwe. (Eyodwa ingashiywa emtatshweni wolwazi ngamunye)

Zama futhi usebenzise ezinye izinto esizokunika zona, i-PowerPoint, isiqeshana se-movie esincane (mhlawumbe unike amakhophi isikole ukuze siyidlale ngesikhathi saso), amakhasi okufaka umbala, njll. ... zama ukuqamba futhi wenze lesi sifundo sibe esimnandi kakhulu ngokukhoneyayo ...



Umlayezo Obalulekile:

- ***Ungadlali noma uthinte noma usondele eduze, kwanoma iyiphiinja/ikati ongalazi. Ikakhulukazi zilwane ezigulayo ezizulayo noma izilwane ezilimele.***



Sana izinja namakati akho ukuba ziyogonywa. "KUNGUMTHETHO!"



Uma ulunywe yinja noma ikati:

1. Geza inxeba kahle ngaphansi kwamanzi agelelezayo okungenani imizuzu eyi-15.
2. Faka nanoma yisiphi isibulala-magciwane esilondeni!
3. Hamba uye emtholampilo noma

esibhedlela

4. UNGALINDI, Yenza ngokushesha!!!!

Kubalulekile ukufundisa izingane ukuthi zingakuqanda kanjani ukulunywa izinja.

Zidinga ukuba zikwazi "ukufunda" ulimi lwezinja kanye nokuqonda ukuthi izinja zidinga ukuphathwa mnene futhi nangenhlonipho. Sebenzisa izincwajana amabhulogi, amashidi

olwazi, amaphosta kanye nezethulo zePower, amashidi olwazi, amaphosta kanye nethulo ze-Power Point ezibandakanya amavidokliphu.

DOGGIE LANGUAGE WHAT IS MY DOG TELLING ME?

BAD SIGNS



ANXIOUS



THREATENED



ANGRY



I NEED SPACE

GOOD SIGNS



IM YOUR
LOVEBUG



IM
FRIENDLY



OVERJOYED

Sicela uzame futhi ufunde

ukufunda ulimi lwezinja

ngokwakho futhi uma

ungaqhubeka nokunye

ukufunda, bheka

amawebhusayithi /

amaflaya akwa-GARC

HOW TO AVOID BEING BITTEN BY A DOG




KEY to suggest: Relationships

If possible get the approval from your community leader, even maybe a written letter. Then go to schools, churches, other institutions, to let them know who you are and what you would like to do.

nomxhwele

ngokukhonekayo.



**Ukwakha
nawo onke
futhi ikakhulukazi**

**ubudlelwane obuhle
amalungu omphakathi
abaholi bomphakathi.**

Ukwakha ubudlelwane obuhle kunganomthelela emphakathinii ezingeni elikhulu nelenabile futhi kungaze kukusize nakuba holi. Ngakho enye yezinto zokuqala ufanele uxhumane nawo futhi uwazise ukuthi ungubani futhi yini o(eni)funa ukuyenza.

7. Ingabe umphakathi uyibika kubani inkinga yesifo samaRabi?

Emtholampilo – Bonke abantu abalunywe yizilwane bafanele baye emtholampilo ngalo lona lolu suku!!!!

Yazi onesi nosista amtholampilo wendawo ukuze baqonde ukuthi uzama ukusiza

ngamaRabi. Ungasebenzisa futhi amapheshana kanye nolwazi maqondana nephulo elilandelayo lokugoma izinja zigonyelwa amaRabi.

I-SAPS – Uma izinja kuyizinja ezinolaka neziluma abantu lokhu kungabikelwa abakwa-SAPS.

Izikhulu Zombuso Zokwelashwa Kwezilwane – Izinja ezisolekayo kanye nezinye izilwane zifanele zibikwe kuZikhulu Zokwelashwa Kwezilwane. (Bheka uhlu oluyinanyathiselwa)

Inombolo yocingo lwamahhala yokuxhumana noMnyango Wezempilo ingashayelwa ku-0800005133

Abakwa-SPCA /Iziphahimandla Zobuzwe – Zingathintwa nazo futhi.

Yini okufanele uyenze kuze kube usizo luyafika?

Okokuqala kunakho konke, zama ukuhlala unomoya ophansi! Xwayisa abantu ngesilwane futhi ubatshela ukuthi bangalinge basondele eduze kwaso. Uma ungakwazi ukuvalela ngokuphephile isilwane endaweni evalekile engenabungozi, yenze njalo, bese ubikela iziphathimandla. KUBALULEKILE ukwazi ukuthi isilwane sisiwaphi uku sithathwe uma uthola usizo.

Asisebenzisane ukwenza isifo samarabi siphele!!

Uhlu Lokuxhumana Lodokotela Bezilwane

Isifunda	Udokotela wezilwane kahulumeni / Ophethe	Inombolo
Illembe	Ucingo	032 4377504
Uthukela	Ucingo	036 6346300
Ugu	Ucingo	039 6822020
Umzinyathi	Ucingo	034 2999662
King Cetshwayo	Ucingo	035 4742163
Ethekweni	Ucingo	031 3289300
Hluhluwe	Ucingo	035 5620207
Jozini	Ucingo	035 5725303
Nongoma	Ucingo	035 8749018
Harry Gwala	Ucingo	039 8342974
Umgungundlovu	Ucingo	033 3476247
Amajuba	Ucingo	034 3153936
Vryheid	Ucingo	034 9814416/7

Uhlu Lokuxhumana lama-DOH

Inombolo yocingo lwamahhala yokuxhumana noMnyango Wezempilo ingashayelwa ku-0800005133

